# UMHLANGANO WEZINHLAKA ESIBAMBISENE NAZO UKHAHLAMBA DRAKENSBERG PARK, OKUYINGXENYE YE MALOTI-DRAKENSBERG PARK WORLD HERITAGE SITE ESE-NINGIZImU AFRIKA

## UKUBUYEKEZWA KWENDLELA YOKUPHATHA

Ezemvelo KwaZulu-Natal Wildlife (Ezemvelo) inhlangano egunyazwe ukuphatha uKhahlamba Drakensberg Park, okuyingxenye ye-Maloti-Drakensberg Park World Heritage Site eseNingizimu Afrika, iphinde ibe nomsebenzi wokubuyekeza umqulu wamasu okuphathwa kwalendawo evikelekile njengokuyalelwa uMthetho weNgqungquthela wokuGcinwa kwamaGugu eMhlabeni kaNombolo wama-49 wonyaka wezi-1999 kanye noMthetho kaZwelonke wokuPhathwa kweMvelo: weZindawo Ezivikelekile, Nombolo wama-57 wonyaka wezi-2003 kanye neminye imithetho ebhekele ukuvikelwa kwemvelo namagugu.

Lomqulu wamasu okuphatha (okuyiwona ongumgogodla wokuphatha izindawo ezivikelekile nemikamo yazo) wabuyekezwa ngokuxoxisana nazo zonke izinhlaka ezithintekayo emihlanganweni ehlukene yemiphakathi yangonyaka wezi-2018.

**Ukugqugquzela eminye imibono yomphakathi ekuphothuleni lomqulu, umphakathi uyacelwa ukuthi uveze izimvo zawo ezibhalwe phansi ngaloluhlelo lokuphatha. Umqulu wesikhashana uzotholakal kulezindawo ezilandelayo:**

- Kuwebhusayithi yeZemvelo ethi: www.kznwildlife.com (kumgudu othi “Conservation” > “Public Comment” > “Protected area management plans for public review” with the file name UDP IMP Draft 2019).
- Emahhovisi nasemasangweni kulezindawo ezilandelayo: Thendele, Monks Cowl, Injesuthi, Giants Castle, Kamberg, Lotheni, Highmoor, Garden Castle and Didima
- UMasipala wesifunda: uThukela, iHarry Gwala noMgundundlovu
- Kulabo-Masipala basekhaya: Okhahlamba, Inkosi Langalibalele, Mpofana, uMngeni, EMpendle, Dkt. Nkosazana Dlamini-Zuma, naseKokstad
- Izinkantolo zamaKhosi omdabu
- KwiMtapo yoLwazi esezindaweni zomphakathi: eBergville, e-Underberg, Estcourt, e-Winterton, e-Jagersrust, Imbabazane, e-Kokstad, e-Mooi River nase Himeville
- Ngesicelo se e-mail (Izivumelwano zizoncishiswa ukuze zithumeleke kahle nge-e-mail).

**Yonke imibono kufanele lthunyelwe lungakadluli usuku lwangomhla zingama-25 kuMbasa 2019.**

**Thintana: Magda Goosen (PO Box 13053, Cascades 3202), tel. (033) 845-1465,**
**e-mail: magda.goosen@kznwildlife.com**

Human Communications D143848